

Publication: Eyethu Ugu
Title: Kubanjwe isithangami
Publish date: 19 July 2019

Reach: 36850
AVE: R 9601.11
Author: Michael Dlamini



Beyingxenywe yesithangami sabantu abasha oMlungisi Nsele (kwesobunx-ele), Maphumi Mfeka noNkanyiso Hlophe.



UNgqongqoshe Peggy Nkonyeni exhazela intsha ukuthi izwi alimvumeli akhulume kakhulu.

Kubanjwe isithangami

Michael Dlamini

michaeld@dbn.caxton.co.za

LIGCWALE phama ihholo led-olobha iSayidi, intsha ihlangene engqungqutheleni yayo ebisingethwe uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi esiFundazweni. Le ngqungquthela ibihanjelwe uNgqongqoshe woMnyango uNkkz Peggy Nkonyeni obekulindleleke ukuba ethule inkulumo yosuku kodwa ngeshwa akakwazanga njengoba ebeshelwe yizwi.

Nokho bezwe okuningi abahambele leYouth in Construction and Property Management Summit njengoba bevuleke amehlo mayelana namathuba akhona kuloMnyango. Ngokusho womunye wabasha uMnuz Mthokozisi Jama ofunda esikhungweni iSayidi TVET College eGamalakhe uthe: “Le ngqungquthela izama ukusicija isigugquzele ukuthi singakwazi ukuphila singazange siyose-

benza kwabanye abantu. Amathuba akhona kodwa bona (abasemakhaya) akulula bawabone kumele basukume bazithathe.”

Kanti okhulume ebambele iNhloko yoMnyango uMnuz Xolani Xulu uthe: “UMnyango uze oGwini ngokuzotshela intsha ngamathuba akhona. UNgqongqoshe uthe akhona amathuba kuloMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi. Sicabanga ukuthi into edonsa abantu abasha ezinhlelweni ezifana nalezi ukuthi bazobheka ukuthi eyiphi indlela abazosizakala ngayo.

“Namhlanje sinengqophamlando. Lokho kususiza kakhulu ngoba uma ubuka nje amathuba emisebenzi ave engekho. Abantu abasha bonke bayafunda kodwa bafuna ukuyoqashwa. Uma ulalele la ngaphakathi into ekhulunyawo ukuthi abantu abasha bazozisebenza kube yibo abaqasha abantu abasha,” kubeka IBambaMeya loGu uKhansela Phumile Mthiyane.